**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI ENTEMBISWENI - GREYTOWN MHLAKA 10 MARCH 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu namhlanje kusakhombisa kona ukuthi uhulumeni wethu unezindlebe futhi uyezwa. Njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi siphendula izicelo zabantu bakithi, sikwenza lokho ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Namhlanje siphendula isicelo somphakathi ocele ukwakhelwa umgwaqo ozoxhumanisa iNtembisweni, uMdlelanto, iGreytown neSeven Oakes. Ibalelwa ku-R30 million imali ezothathwa yilo mgwaqo ongu-19 km ubude. Kulindeleke ukuthi kuthathe izinyanga ezilishumi ukwakhiwa kwawo.

- Kuzosetshenziswa osonkontileka bakaVukuzakhe ukwakha umgwaqo kanti babalelwa ku-40 abantu bendawo abazothola amathuba emisebenzi. Kuzoqashwa oZibambele abangu-38 ukugcina lo mgwaqo usesimweni. Njengamanje umasipala waseMvoti unoZibambele abangu-990. UMnyango usufake imali engu-R5,4 kulolu hlelo kule ndawo.

- Kunezikole ezinhlanu (Entembisweni Primary School, Candabuthule High School, Ntandoyethu Lower Primary School, Mgaga Primary Shool, Ndubazi Primary School) nomtholampilo (Entembisweni Clinic) okuzosizakala ngokwakhiwa kwalo mgwaqo.

- Umgwaqo uzosiza imindeni engaphezulu kuka-150 enabantu abangaphezulu kuka-1500. Kulindeleke ukuthi lo mgwaqo usetshenziswe izimoto ezingu-70 kuya phezulu ngosuku. Izakhamuzi eziningi zayishiya le ndawo ngenxa yodlame olwaqubuka eminyekeni edlule. Ngakho-ke ukwakhiwa kwawo kuzogqugquzela izakhamuzi ezabaleka ukuthi zibuyele emhlabeni wazo.

- Kukhona namathuba ezolimo azoqhamuka uma sekwakhiwe lo mgwaqo ngoba noMnyango wezoLimo uzosebenzisa umgwaqo ukufinyelela kulezo zakhamuzi ezinothando lwezolimo.

- Lo mgwaqo uzonciphisa nebanga elihanjwa ngezinyawo ukuze kutholakale izithuthi zomphakathi.

- Akuqali njalo ukuthi sibe nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu ezindaweni esesakhe kuzona le ngqalasizinda sebexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

- Mangiphethe ngokuthi nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

**Ngiyabonga**